




Siza abantwana bakho ukuthi baphile ngendlela yomlando ka-Nelson Mandela. Dilulisela kwabanye ezinye zezimiso ayephila ngazo ngalolu chungechunge olufushane Iwezindaba ezigxile ekwethembekeni, isihawu nokuxolela.

Ukugunda kukaBhele

Ngomgubho wosuku lokuzalwa lukaPhumeza, eqeda iminyaka eyisithupha, uMama wamnika ithoyizi lebhele. UBhele wayedle ngamehlo akhazimulayo, izinwele ezinsundu okusagolide, ikhala elincane elimnyama kanye nomlomo omamathekayo. Ngaphambi kwevesti lakhe elibomvu kwakubhalwe amagama amakhulu athi: NGIYAKUTHANDA. NGICELA NAWE UNGITHANDE.

UPhumeza wayengahlukani noBhele. Wayethanda uBhele ngendlela ecishe ifane nendllela ayethanda ngayo uThobeka. UThobeka wayengumakhelwane wakhe oneminyaka emihlanu, nomngani wakhe omkhulu.

Ngenye intambama, uMama wayezoya la kulungiswa khona izinwele. OPhumeza noThobeka babuka ngefasitela ngenkathi umcwali egunda izinwele zikaMama. UThobeka owayethatheke kakhulu. Wabukisisa umcwali ngesikhathi egunda uMama ngesikele esibukhali kakhulu. Kwakubukeka kulula futhi kusamdlalo nje.



Ekuhambeni kosuku, uPhumeza, uThobeka noBhele bazidlalela egcekeni. Emva kwasikhashana uThobeka wagijima wangena endlini. Wabuya ephethe ngokukhulu ukucophelela isikele sikagogo wakhe. "Ngingakugunda?" ebuza uPhumeza.

"Hhayi namuhla," kuphendula uPhumeza. "Ngifuna ukuya ekhaya manje."

"Hhayi-ke sengiyogunda ugogo," kusho uThobeka, egijima eyothungatha uGogo wakhe.

Ngakho, uPhumeza wacaca othangweni waya kubo ...



engaboni ukuthi useshiye uBhele ehleli othangweni.

Ngenkathi uThobeka engena endlini, uGogo wayekhuluma kumakhalekhukhwini, ngakho uThobeka akamphazamisanga, wamshiya. Umfowabo wayelele, ngakho wesaba ukumvusa.

"Kanti pho NGINGAGUNDA bani?" uThobeka ezibuza.

Ngaphandle, inji enguLotto yaqala ukukhonkotha.



UThobeka waphuma ngemuva wehla ezitebhisi ephethe isikele sikaGogo wakhe ethathaza ngaso. ULotto wathi nhla kanye wabona isikele wakhwica umsila wakhe phakathi kwemilenze yakhe wabaleka wehla ngomgwaqo.

Impilo yakho ayibe umlando: ukuxolela



UBhele yedwa owayesele, encike othangweni lwengadi.

UThobeka wagona uBhele. Sece, sece, sece, kusho isikele. Kwawela phansi imfumba yezinwele ezinsundu okusagolide. Wathi ukulehla ebuka okwenzekile. Hhawu, hhawu! Kwakukhona ishanda lempandla elikhulu ekhanda likaBhele. Waqala ukukhathazeka manje uThobeka. "Yimbi le nto eyenzekile," kucabanga yena. "Yimbi kakhulu. Uyothini nje uPhumeza?"

Ngaso leso sikhathi kwafika uPhumeza egijima ezolanda uBhele. Wathi ukushelela, wama.



"Wenzani? MAMESHANE! Usugunde uBhele!
Awubheke ukuthi wenzeni! Umonakalo ongaka pho!"

Ngaphambi kokuba athi vu uThobeka, uPhumeza wathi hlwi ngomlenze uBhele watethisa uThobeka wathi, "Angisoze ngakuxolela. AWUSEYENA umngani wami omkhulu!"

Washo ehamba ethukuthele kakhulu. Waphatheka kabuhlungu uThobeka. Wabuyisela isikele sikaGogo ekhabetheni lasekhishini. Wabaleka waya ezansi nengadi


wangena ehhokweni elincane. Wacasha lapho usuku lonke, wayephatheke kabi kakhulu ukuthi angaphuma lapho.

Umflowabo kaPhumeza wadlula ngebhayisikili. "We Thobeka! Ukuphi?" kumemeza uBen. "Ngizwile ukuthi ugunda izinwele namuhla. Ungangigunda nami?"

Akazange aphendule uThobeka. UBen wadlula ehleka. Ngokujwayelekile nje uThobeka wayengamnaki uBen uma emgcona. Ngalolo suku wakhala.

Ngalobo busuku, ngesikhathi uPhumeza ezilungiselela ukulala, waphulula impandla kaBhele. "Ngiyakuzwela Bhele, izinwele zakho angeke ziphinde zimile futhi," kusho yena.

Akazange abuthi quthu ubuthongo uPhumeza. Wayekhathazekile ngezinwele zikaBhele, kodwa ngaphezu kwalokho, inhlizyo yakhe yayinsonsotha uma ekhumbula ubuso bukaThobeka. Wayelokhu ephenduphenduka wagcina ngokumboza ubuso emcamelweni wakhe. "Bekungafanele ngithethise uThobeka. Ubesevele ekhathazekile naye ngalokhu. Ngisho izinto ezimbi kabi."



UPhumeza wakhumbula usuku lapho uMama amnika khona izingcezu ezimbili zekhekhe, olulodwa lungolwakhe olunye kungolukaThobeka. Wazidla zombili lezi zingcezu phambi komngani wakhe. UThobeka wamxolela wangamceba nakuMamawakhe ukuthi ube nobugovu kanjani.

UPhumeza wabuye wacabanga nangomthandazo wasekhaya wansuku zonke lapho becela khona intethelelo kuNkulunkulu. Wazizwa esenamahloni. Wezwa kungasemnandi nje.

Ngaleso sikhathi – ngqo, ngqo – kukhona owayengqongqoza kancane efasiteleni. UPhumeza wavuka wahlala ngezinqe. Wayethukile.

UPhumeza washo ngezwi elincane elihlebezayo, “Ubani lowo?”


“Yimi – uThobeka.”

UPhumeza wagxuma wehla embhedeni. Wagijima wayovula ifasitela.

UThobeka wayemi ngamanzonzwane ebambelele ezinsimbini ezivimbela ukugqekeza. “Ngiyaxolisa kakhulu ngokugunda izinwele zikaBhele. Angicabanganga kahle. Ngicela ungixolele bandla.”

UPhumeza wagona umngani wakhe ezinsimbini ezivimbela ukugqekeza.

“Bese ngivele ngikuxolele, futhi ngiyaxolisa ngokukuthethisa nokusho izinto ezimbi.”



Amantombazane axoxa uThobeka waze wangabe esakwazi ukubambelela ezinsimbini.

“Ngaphambi kokuba ngihambe,” kusho uThobeka, “ngiphathelle uBhele isipho.”

“Sipho sini?”

“Ikepisi elibomvu lewuli, leli engalelukelwa ubusika nguGogo. Lizomboza ikhanda likaBhele, futhi lizohambisana nevesti lakhe elibomvu.”

Nangempela lahambisana nalo.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde **Ukugunda kukaBhele**, zamani ezinye zalezi zinto.

- ★ Ngabe ucabanga ukuthi kungani uPhumeza wayethukuthele uma ebona ukuthi uThobeka ugunde izinwele zikaBhele?
- ★ Ngabe wake wayenza into eyathukuthelisa omunye umuntu, noma ngabe wawungaqondile ukwenza lokho? Yabelana ngendaba yokuthi kwenzekani.
- ★ Buza imibuzo evulelekile (imibuzo engenayo impendulo efanele noma engafanele kunalokho, engaphendulwa ngezindlela

ezahlukene). Isibonelo:

- ~ Kuchaza ukuthini ukuxolela omunye umuntu?
- ~ Ngabe ucabanga ukuthi uPhumeza wenze kahle ngokuxolela uThobeka? Usho ngani, noma kungani bekumele angamxoleli?
- ~ Ngabe kumele sihlale sixolela abantu abenza izinto ezisithukuthelisayo noma abasizwisa ubuhlungu? Usho ngani, noma kungani bekumele singabaxoleli?

Okumayelana noNal'ibali

UNal'ibali (igama lesiXhosa elichaza ukuthi "nans' indaba") umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa. Uhlose ukokhela inhlansi uhlanganise nesiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana, ukuze ukufunda, ukubhala nokwabelana ngezindaba – ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika – kube yingxene ye mpilo yansuku zonke.



Izingane ezizungezwe okubhaliwe nezithola izindaba ezimnandi nezixoxwe ngezilimi eziziqondayo, ziba nentshisekelo enkululu, zibe nokuzethemba nokukhuthazeka ukuthi zizifundele. Makhulu

amathuba okuba nazo zithande ukufunda, futhi ziqhube kahle kuzo zonke izifundo. Izindaba zandisa amagama aziwayo, ziqinisa nekhono lokukhumbula ziphinde zondle ukucabanga nokujabalala kwezindlela zokucabanga kwezingane.

Kusukela ngonyaka wezi-2012, uNal'ibali usebenze neminyango eminingi, izinhlangano zomphakathi nabezamabhizinisi ukuqinisekisa ukuthi zonke izingane zaseNingizimu Afrika ziba nethuba lokuthanda izincwadi nezindaba. Abalingani bethu abasize ukusungula lo mkhankaso babandakanya: abe-DG Murry Trust, i-PRAESA (Project for the Study of Alternative Education in South Africa) abe-Tiso Blackstar (ngaphambilini abebaziwa nge-Times Media). Ngokumeleleka, ukuqeleshwa nezinsiza zokufunda zeqophelo eliphezulu, uNal'ibali usiza ukondla abafundi besizwe.

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. **Sithinte ngokushayela** isikhungo sethu sezingingo kule nombolo: **02 11 80 40 80**, noma enye yalezi zindlela: